**Ukuhlola imuva**’ kushiwo ukuhlola umazisi kanye nolwazi lomsebenzi ngamacala obugebengu okubandakanya nomlandu ngamacala obugebengu, uma kufanele, njengengxenye yokuhlolisisa ukuthi umuntu ukulungele yini ukungena ezindaweni zokuphepha ezingavunyelwe engaphelezela,”

- (f) ukufaka incazelo elandelayo ngemuva kwencazelo  
“ilunga lethimba labalekeleli bendiza”

“**umthwalo**’ kushiwo noma iyiphi impahla, okumbandakanya nempahla engaphelezelwa muntu, ehambisana nenkokhelo yokuba ithwalwe yindiza ethutha impahla ;”

- (g) Ukufaka lencazelo elandelayo ngemuva kwencazelo  
"indiza ethwala impahla"

"**impahla ephethwe umgibeli**' kushiwo leyo mpahla ayiphethe umgibeli uma engena endizeni;

- (h) ukufaka incazelo elandelayo ngemuva kwencazelo  
"isitifiketi semfanelo yokundiza"

"**isitifiketi semvume**' kushiwo isitifiketi esikhishwe ngaphansi kweNgxenywe 108 sanikwa umuntu ovunyelwe ukwemukela, ukugcina, ukuphatha kanye nokwethula impahla okufanele ukuba ithwalwe yindiza;"

- (i) ukufaka lencazelo elandelayo ngemuva kwencazelo  
"isitifiketi sokulungela ukundiza"

(i) "**isitifiketi sobungcwepheshi**' kushiwo isitifiketi esikhishwe ngaphansi kweNgxenywe 108 kumuntu ophilayo esiqinisekisa ukuthi lowo okungesakhe uphothule ngempumelelo izifundo zokuqala noma zokuvuselela emkhakheni wezokuphepha;"

(ii) "**umthwalo ohlolwayo**' kushiwo umthwalo othwelwe wumgibeli ngesikhathi egibela endizeni nokufanele ugcinwe egumbini lezimpahla ngaphakathi endizeni;"

- (j) Ukufaka lencazelo elandelayo ngemuva kwencazelo  
"umsebenzi wokuthutha ngomoya/ngendiza"

"**osebenza ezokuthutha ngomoya**' kushiwo umuntu noma inhlango enquba umsebenzi wokuthutha ngomoya;"

- (k) Ukufaka lencazelo elandelayo ngemuva kwencazelo "ukuhlela kabusha"

(i) "**umthunyelwa**' umuntu ogama lakhe libhalwe embhalweni wenkokhelo njengomuntu okuthunyelwe kuye impahla yilowo oyithwele ";

(ii) "**impahla ethuthwayo**" kushiwo ingxenye eyodwa noma eziningi zempahla emukelwa yilowo othwala izimpahla ngesikhathi nasekhelini elilodwa, eyamukelwe ndawonye futhi ezothuthwa ngombhalo wenkokhelo owodwa ithunyelwe kumthunyelwa oyedwa endaweni eyodwa;"

(iii) "**umthumeli-mpahla**' kushiwo umuntu ogama lakhe libhalwe embhalweni wenkokhelo njengomuntu owenze isivumewano nomthwali-mpahla noma abathwali-mpahla sokuba bathwale impahla yakhe ";

- (l) ukufaka lencazelo elandelayo ngemuva kwencazelo  
"umlekeleli womshayeli wendiza"

"**usizo lokuthutha impahla**' umsebenzi lapho izimpahla ezithunyelwe ngumuntu oyedwa noma abaningi zithuthwa ngobuningi endizeni ethwala abagibeli ngezincwadi zomgibeli ezijwayelekile njengempahla yomgibeli ogibele indiza ophethe izincwadi zempahla ";

- (m) Ukufaka lencazelo elandelayo ngemuva kwencazelo

“isikhumulo esihlukile sokufikela indiza”

“**isikhwama senxusa**’ kushiwo impahla ebhekiswe kwinhloko noma ilunga labasebenzi elihola ithimba lezimenywa noma ilunga lethimba lamanxusa esinophawu olugqamile oluchaza futhi uhlobo okuqukethwe imibhalo yokusetshenziswa ngokusemthethweni ;”;

- (n) Ukufaka lencazelo elandelayo ngemuva kwencazelo

“umhloli”

“**izincwadi nemithwalo ephuthunyiswa ngendiza**’ kushiwo impahla ebucayi (eyonakalayo) ngokwesikhathi edinga isithuthi esethembekile, nesinqunyelwe isikhathi kusetshenziswa izincwadi ezingaxutshwe nalutho ezibandakanya nenani elinye lamagumbi kulawulwa kulo olwazi oludidiyelwe”;

- (o) Ukufaka lezi zincazelo ezilandelayo ngemuva kwencazelo

“umphenyi ophethe”

(i) “**impahla eyaziwayo**’ kushiwo impahla evela kumthumeli owaziwayo okusetshenziswe kuyo imigomo yezokuphepha enqunye yiNgxenywe 108 ”;

(ii) “**umthumeli-mpahla owaziwayo**’ kushiwo lowo okuvela kuye impahla ethwelwe yindiza:

(a) onebhizinisi eselizinzile nesithunywana esilawulwayo ngenqubo yezokuphepha enqunye yiNgxenywe 108 ;

(b) ohambisana nenqubo enqunye yiNgxenywe 108 inqunyelwa umthumeli-mpahla owaziwayo ”;

(iii) “**umqinisekisi womthumeli-mpahla owaziwayo** ’ kushiwo umuntu noma inhlangotho eqokwe nguKhomishani ukwenza imisebenzi emiswe yiNgxenywe 108.02.2 (1);”;

- (p) ukufaka lencazelo elandelayo ngemuva kwencazelo

“inombolo yeposi elithunyelwayo”

“**izincwadi ezithunyelwayo**’ kushiwo ukukhishwa kwezincwadi nezinye izinto ezithunyelwe noma okuhloswe ukuba zithunyelwa noma zilethwe kuSiphathimandla seposi ;”;

(q) Ukufaka lencazelo elandelayo ngemuva kwencazelo "umshayeli ophethe indiza"

**"isiphathimandla seposi"** kushiwo isiphathimandla esisungulwe ngaphansi koMthetho wePosi onguNombolo 44 ka 1958 noma isiphathimandla esifanayo soMbuso okuthintekayo "

(r) ukufaka incazelo elandelayo ngemuva kwencazelo "ilejista"

**"isithunywa esilawulwayo"** kushiwo onquba umsebenzi wokuhweba ngezokuthutha ngomoya, noma umuntu ohweba ngezindiza zokuthutha impahla, isithunywa sokuphatha impahla, isithunywa sokwedlulisa impahla, ukugcina impahla, ukuhambisa iposi kanye nanoma ngumuphi umuntu owamukelwe njengesithunywa esilawulwayo obandakanyeka ekuthutheni impahla ngomoya";

(s) ukufaka lencazelo elandelayo ngemuva kwencazelo

**"Usizo lwezokuthutha umphakathi ngomoya oluhleliwe"**

**"ukuhlolisisa"** kushiwo ukusetshenziswa kwezobuchwepheshe noma ngezinye izindlela okuhloswe ngakho ukuhlalukisa izikhali, iziqhumane, ezinye izinto ezingasetshenziswa ukwephula umthetho noma ukwenza izenzo ezingekho emthethweni nokubeka engcupheni ukuphepha kwabashayeli nabagibeli bendiza ";

(t) ukufaka lencazelo elandelayo ngemuva kwencazelo

**"umkhakha"**

**"ukulawula ezokuphepha"** kushiwo izindlela okungeniswa ngazo izikhali, iziqhumane nezinye izinto eziyingozi ezingasetshenziswa ekwepfuleni umthetho nokugxambukela okungafanele;";

(u) ukufaka lencazelo elandelayo ngemuva kwencazelo

**"uqeqesho"**

**"ukuthwala kwempahla nezincwadi"** kushiwo impahla eyaziwayo noma izincwadi --

(a) ezifika ngendiza okuqondwe ukuba zithwale ngendiza ziqhutselwe kwenye indawo ;

(b) ezivikelwe ekuphazanyisweni okungagunyaziwe ngaso sonke isikhathi kusukela ngesikhathi zisuka lapho zithathwe khona ;

(c) eziphelezela yizincwadi eziqukethe imininingwane ngokuthuthwa kwazo nesimo sokuphepha kwazo, zisuka zize zifinyelele lapho zithunyelwa khona ;”;

(v) ukufaka lencazelo elandelayo ngemuva kwencazelo

“uhlobo lwendiza”

“**umthwalo ongaphelezela**’ kushiwo umthwalo, ngaphandle kwalowo ophethwe ngumnikazi ngesikhathi engena esikhumulweni oledwa ngumgibeli noma isithunywa sakhe ngenhloso yokuba uthwalwe yindiza noma kungasho ukuthi uzothwalwa ngendiza egibele kuyo umgibeli ongumnini wallow mthwalo kanti ngenhloso yale mithethonkambiso uyothathwa njengomthwalo ;”;

(w) ukufaka lencazelo elandelayo ngemuva kwencazelo

“umklamo wesisindo sempahla”

“**impahla engaziwa**’ kushiwo impahla engahlelwanga njengempahla eyaziwayo futhi ezohlolwa uma inikezelwa ukuze ithwalwe ngendiza ;”;

### Ukufaka Ingxenye 108 kulo Mthethonkambiso

3. Ingxenye elandelayo izofakwa ngemuva kweIngxenye 106 yeMithethonkambiso

“Ingxenye 108

**Ezokuphepha kwempahla ethuthwa ngendiza**

**UHLU LWEMITHETHONKAMBISO: EZOKUPHEPHA KWEMPAHLA  
ETHUTHWA NGENDIZA**

#### INGXENYANA 1: OKUJWAYELEKILE

108.01.1 Ukusebenza kwawo

108.01.2 Izidingo zokuthwala impahla ngendiza

108.01.3 Ukukhipha imiyalelo yezokuphepha kwempahla ethuthwa ngendiza

**INGXENYANA 2: IMISEBENZI NEMITHWALO YEZITHUNYWA NABATHUMELI BEMPAHLA ABALAWULWAYO**

- 108.02.1 Imisebenzi yeziThunywa ezilawulwayo
- 108.02.2 Imisebenzi yezithunywa ezilawulwayo
- 108.02.3 Izidingo zabathumeli bempahla abaziwayo

**INGXENYANA 3: UKULAWULA ISIMO SEZOKUPHEPHA**

- 108.03.1 Okujwayelekile
- 108.03.2 Impahla eyaziwayo
- 108.03.3 Impahla engaziwa
- 108.03.4 Izincwadi
- 108.03.5 Impahla nezincwadi eziphuthumayo
- 108.03.6 Impahla nezincwadi ezithuthwayo
- 108.03.7 Impahla engeze yathwalwa
- 108.03.8 Ilungelo lokuhlola nokwenqaba ukuthwala impahla

**INGXENYANA 4: UKUHLOLISISA ISIMO SEZOKUPHEPHA – IZINTO ZOKUSEBENZA NABASEBENZI**

- 108.04.1 Izidingo zokuhlolisisa ukuphepha kwezinto zokusebenza ngenhloso yezokuphepha

**INGXENYANA 5: IZIMVUME**

- 108.05.1 Isicelo semvume yokuba yisithunywa esilawulwayo
- 108.05.2 Isitifiketi seMvume
- 108.05.3 Ukuvuselela Isitifiketi seMvume
- 108.05.4 Imthwalo yomuntu onesitifiketi
- 108.05.5 Isicelo sokuOinisekiswa njengoMthumeli- mpahla owaziwayo

- 108.05.6 Isitifiketi sokugunyazwa njengomthumeli owaziwayo
- 108.05.7 Izikhundla zabantu abangabasiqinisekisi
- 108.05.8 Ukuvuselela isitifiketi sokugunyazwa
- 108.05.9 Imali yokuhlola
- 108.05.10 Ukuqinisekisa izitifiketi zakwamanye amazwe
- 108.05.11 Ukumisa nokusula imvume noma isitifiketi sokugunyazwa nokwedlulisa isikhalo
- 108.05.12 Ilejista yeZitifiketi zeMvume

#### **INGXENYANA 6: UQEQESHO**

- 108.06.1 Uqeqesho lokuqonda kahle ezokuphepha kwempahla ethuthwa ngezindiza
- 108.06.2 Uqeqesho olulindelwe ngezokuphepha kwempahla ethuthwa ngendiza

#### **INGXENYANA 1: OKUJWAYELEKILE**

##### **Ukusebenza kwayo**

**108.01.1 Le ngxenye iyosebenza kubo bonke abantu ababambe iqhaza ekwemukeleni, ekudluliseni, ekugcineni nasekuphatheni impahla ethuthwa ngendiza kanti iyolawula:**

- (a) ezokuphepha emoyeni maqondana nempahla engene esikhumulweni sezindiza;
- (b) izinyathelo zokuphepha ezidingekayo zokulondoloza nokuthwala impahla kumsebenzi wokuthutha ngomoya/ngendiza;
- (c) izidingo zokuqeqeshwa kwabasebenzi abathintekayo ekuphatheni impahla ethuthwa ngendiza; kanye
- (d) nezinye izinto eziphathelene nezokuphepha kwempahla ethuthwa ngendiza

**Izidingo zokuthwalwa kwempahla ngomoya**

- 108.01.2** (1) Noma ngubani ohlangene nokwemukela/ukugcina/ukwedlulisa nokuphatha impahla ezothwalwa ngomoya ngosizo lokuthutha nomoya uyohambisana nemigomo yezokuphepha emiswe kule- Ngxenye.
- (2) Akekho umuntu ongaba ngumsebenzi wezokuthutha ngomoya oyothwala impahla engaziwa.
- (3) Abanquba umsebenzi wokuthutha ngomoya bayosingatha yonke impahla engaphelezelwa ngabanikazi njengempahla engaziwa
- (4) Noma yisiphi isithunywa esilawulwayo esisebenza ukwemukela/ukulondoloza/ukwedlulisa nokuthinta impahla okufanele ithwalwe ngomoya/ngendiza uyoba nesitifiketi semvume ekhishwe nguKhomishani. Iqobo nje ukuthi noma imuphi umuntu oqashwe yisithunywa esilawulwayo futhi othintekayo ekuphatheni impahla eyaziwayo, kuyodingeka aphothula uqeqesho olunqunywe wumthethonkambiso 108.06.1 futhi abe nesitifiketi solwazi olufanele ukuba athole lolo luqeqesho.
- (5) Isithunywa esilawulwayo siyosungula ibhukwana lezokuphepha eliqukethe lonke ulwazi nempahla ethwalwa ngendiza equkethe lonke ulwazi olunqunywe nguMqulu I-SA-CATS-aCS nalapho eneka khona indlela ayosebenza ngayo. Lelo bhukwana liyonikwa uKhomishani ngenhloso yokulamukela.
- (6) Isithunywa esilawulwayo siyokwabelwa umthwalo ngokusemthethweni wokusebenzisa, ukusebenza nokwengamela ukulawula ezokuphepha njengoba kunqunyiwe kuleNgxenye kanye nakuMqulu SA-CATS-ACS.
- (7) Noma imuphi umuntu ofaka isicelo sokuba isithunywa esigunyaziwe noma esiqinisekisiwe njengomthumeli-mpahla owaziwayo, uyovumela umuntu ogunyaziwe, umhloli noma isikhulu esigunyazwe yiKhomishani ukuba aqhube uphenyo nocwaningo olufanele ngenhloso yokuhlola ukuthi imiyalelo yezokuphepha eqondene nokuphatha, ukuthutha nokulondoloza impahla eyaziwayo ihambisana ngemfanelo yezidingo zale Ngxenye.
- (8) Lowo onesitifiketi semvume noma isitifiketi sokugunyazwa uyovumela isikhulu esigunyaziwe, umhloli noma umuntu ogunyazwe nguKhomishani ukuba ahlole noma iyiphi impahla ethuthwayo esuka noma edlule kusithunywa osilawulwayo noma esinegunya ngenhloso yokuhlola yokuqinisekisa ukulandelwa noma ukugcinwa kwaleNgxenye.

### **Ukukhipha imiyalelo yezokuphepha kwempahla ethuthwa ngomoya**

**108.01.3** (1) Ukhomishani engakhipha imiyalelo yezokuphepha emayelana nokukhishwa nempahla ezithwalwa ngomoya lapho kukhona isidingo sokwenza-ngcono izinga lezokuphepha kwezindiza. Uma uKhomishani ekhipha umyalelo wezokuphepha onjena, isithunywa esilawulwayo esinesitifiketi selungelo esikhishwe ngaphansi kwale Ngxenye kufanele –

- (a) ngokushesha enze izichibiyelo ebhukwaneni lezokuphepha ngendlela ehambisana nomyalelo wezokuphepha futhi ethule lezo zichibiyelo kuKhomishani ukuze azimukele; futhi
- (b) Ngemuva kokwamukelwa kwezichibiyelwa zebhukwana lezokuphepha, enze lezo zichibiyelo zitholakale kubo bonke abantu abaqhuba umsebenzi wokwamukela ukwedlulisa noma ukuthinta impahla ethwalwa ngomoya.

### **INGXENYANA 2: IZIBOPHO NEMISEBENZI YEZITHUNYWA EZILAWULWAYO NABATHUMELI-MPAHLA ABAZIWAYO**

#### **Izibopho zezithunywa ezilawulwayo**

**108.02.1** Noma ngubani owamukelwe nguKhomishani njengomuntu oyisithunywa esilawulwayo kufanele:

- (a) Agcine amarekhodi azo zonke izincwadi zomlando wokuthuthwa nokuphathwa kwempahla ngokuhambisana noMqulu SA-CATS-ACS;
- (b) Aqinisekise ukuthi ngemuva kokuthola impahla eyaziwayo nangesikhathi impahla isezandleni zakhe igcinwe iphephile ekuthintweni okungekho emthethweni ngokuhambisana nezinyathelo zokuphepha ezimiswe ebhukwini lezokuphepha nelihlonzwe ngumthethonkambiso 108.01.2(5);
- (c) Aqinisekise ukuthi ukwemukela nokuphathwa kwempahla kwenziwa ngumuntu oqeqeshiwe, othole uqeqesho oluqondene ngqo nezokuphepha njengoba kuchaziwe ebhukwaneni lezokuphepha okudingekayo ngokoMqulu SA-CATS-ACS;
- (d) Amise ngokuhlola ngqo noma ngokuhlola ngomshini ngendlela emiswe kuMqulu SA-CATS-ACS, akukhathalekile ukuthi impahla iqukethe iziqhumane, izikhali ezishisayo noma eyingozi noma ezinye izinto ezingavunyelwe eziyingozi njengoba kuchaziwe kuHlelo lwezokuPhepha kwezoMoya kuZwelonke luka 2004;
- (e) Aqinisekise ukuthi umthwalo owaziwayo uvalisiseke kahle ngeziciko ezamukelekile kuKhomishani futhi lezo ziciko kube ngezingaxebuki ;

- (f) Aqhube uphenyo oluthinta umlando wabo bonke abasebenzi abaqashelwe ukwemukela impahla, ukuyigcina, ukuyedlulisa nokusebenza ngempahla eyaziwayo ehlose ukuthuthwa ngendiza .

**Izibopho zabathunywa abagunyaziwe mayelana namakhasimende aziwa ngokuthumela impahla**

**108.02.2** (1) Zonke izithunywa ezilawulwayo eziqhuba umsebenzi futhi zemukela impahla eyaziwayo kubaThumeli abaziwayo kufanele;

- (a) baqiniseke ukuthi umthumeli owaziwayo unesitifiketi esigunyaziwe soMthumeli-mpahla owaziwayo esikhishwe ngokwaleNgxenye
- (b) zibhale phansi ngoqobo noma ngobunjalo nekheli lomthumeli-mpahla owaziwayo futhi beluleke uKhomishani ngemininingwane yathumeli-mpahla abaziwayo
- (c) Babe nomarekhodi ezifungo zabaThumeli-mpahla abaziwayo ezishoyo ukuthi :
- (i) impahla eyaziwayo ilungiselwe noma iboshelwe emagcekeni aphephile;
- (ii) bonke abasebenzi abaphatha impahla eyaziwayo bahloliwe imvelaphi yabo futhi futhi baqeqeshiwe ngezokuphepha eziqondene ngqo nezokuphepha kwempahla anjengoba kumisiwe kuMqulu we SA-CATS-ACS;
- (iii) ukuthuthwa kwempahla eyaziwayo kuvikelekile ezenzweni zokugxambukela eziphambene nomthetho ngesikhathi ipakishwa, ilondolozwe noma seyithuthwa;
- (iv) Imithwalo nokuqukethwe yinoma iyiphi impahla kufanele kwedlule ngaphansi kwezokulawula ezokuphepha njengoba kunqunyiwe kuMqulu SA-CATS-ACS.
- (d) Ahlole ngokukhululeka amagceke nempahla yabantu abaziwa ngokuthumela impahla ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi balandela imithethonkambiso yale Ngxenye.

**Izibopho zesithunywa mayelana nempahla eyaziwayo**

**108.02.3** (1) Noma yimuphi umuntu onobudlelwane nomthumeli owaziwayo nesithunywa esilawulwayo futhi ofisa ukuqinisekiswa bese efakwa ohlwni lweziPhathimandla zokuThutha ngoMoya njengoMthumeli-mpahla owaziwayo.

(2) Umuntu ofisa ukuba uthumeli-mpahla owaziwayo uyoqinisekisa ukuthi;

- (a) Imithwalo yempahla eyaziwayo iboshwe futhi yaqiniswa umthumeli-mpahla owaziwayo emagcekeni aphephile;
- (b) Bonke abasebenzi abaqashelwe ukuphatha noma ukuthinta impahla bayohlolwe imvelaphi yabo futhi baqeqeshwa

- ngezokuphepha eziqondene ngqo nokuphepha kwempahla njengoba kushiwo kuMqulu SA-CATS-ACS;
- (c) Ukuthunyelwa kwempahla eyaziwayo kuvikelwe ezenzweni eziphula umthetho ngesikhathi iboshwa noma ilungiswa, ukugcinwa nalapho seyithuthwa;
  - (d) Wonke umsebenzi uqhutshwa ngendlela emiswe wuMqulu SA-CATS-ACS;
  - (e) Lonke ibhizinisi liqhutshwa ngokulandela izidingo zebhukwana lezokuphepha lomthumeli-mpahla ngamunye ogunyaziwe nokusetshenzwa nalo.
  - (f) Impahla eyaziwayo ivalwa kahle ngeziciko futhi kube yiziciko ezamukelwe nguKhomishani nehlala inamathele njalo ingaxebuki.

### INGXENYANA 3: UKULAWULWA KWEZOKUPHEPHA

#### Okujwayelekile

- 108.03.1** (1) Akekho umuntu ongaletsa impahla ukuba ithuthwe ngendiza ngaphandle kokuba iphelezela wumbhalo oqondene nayo.
- (2) Noma imuphi umuntu oletha isikhwama senxusa ukuba sithwalwe ngendiza kufanele aqikelele ukuthi siboshwe kahle sashaywe noma sabekwa uphawu futhi singathwalwa ngendiza kuphela ngaphandle kombhalo wentengo uma sipelezela umsebenzi walowo muzi wenxusa nokulandelayo :
- (a) Incwadi yokungena kwelinye izwe elungile ekhishwe yanikwa umsebenzi wenxusa;
  - (b) Incwadi esuka kwisikhulu esengamele izindlu zenxusa lapho kusuka khona isikhwama, egunyaza ukuba umsebenzi aphelezele lesi sikhwama senxusa esithintekayo.

#### Impahla eyaziwayo

- 108.03.2** (1) Akekho umuntu ongaletsa impahla engaziwa ukuba ithuthwe ngendiza noma ithwalwe isithuthi somoya sokuhweba.
- (i) Ngaphandle kokulandela inqubo yezokuphepha ngaphambi kokulayisha lapho iyobe isithathwa njengempahla eyaziwayo futhi idalulwe noma imenyezela kanjalo;
  - (ii) Ngaphandle kokuba ipakishwe futhi yaqinisekiswa ngumthumeli-mpahla owaziwayo yase inikezwa isithunyuwa esilawulwayo esisendizeni ngokulandela umthethonkambiso 108.2.2 kanye no 108.2.3;

- (2) Ngemuva kokuba impahla eyaziwayo seyamukelwe yisithunywa esinegunya iyogcinwa endaweni ephephile ukuze ifakwe endizeni futhi ivikelwe ekugxambukeleni okungekho emthethweni ngesikhathi isagcinwe yisithunywa esilawulwayo.
- (3) Uma impahla yedluliswa ngumuntu owaziwayo iqondiswe kumthumeli-mpahla owaziwayo noma isithunywa esilawulwayo noma isuka kwesinye isithunywa esilawulwayo iqondiswe kwesinye isithunywa esilawulwayo futhi igcinwe iphephile, leyo mpahla iyoqhubeka nokuthathwa njengempahla eyaziwayo.
- (4) Umnqubi wendiza noma isithunywa sakhe esiphansi uyoqikelela ukuthi ngaso sonke isikhathi impahla iphephile ngaphambi kokuba ilayishwa endizeni.
- (5) Ngaphambi kokulayishwa endizeni yohwebo, umnqubi wendiza noma isithunywa sakhe esiphansi uyoqikelela ukuthi yonke impahla ethunyelwayo ihlolwa ngamehlo ukuze kuqinisekwe ukuthi ayizange iphazanyiswe.

### **Impahla engaziwa**

- 108.03.3**
- (1) Yonke Impahla evela kumuntu ongaziwa futhi ongahlolwanga ngokulandela imithethonkambiso yale Ngxenywe kanye noMqulu SA-CATS-ACS, iyothathwa njengempahla engaziwa.
  - (2) Impahla engaziwayo okuthe ngemuva kokwemukelwa yisithunywa esilawulwayo endaweni ephephile njengoba kushiwo ebhukwini lezokuphepha iyothathwa njengempahla engaziwa.
  - (3) Impahla eyaziwayo enesivalo noma lapho iboshwe kwephukile noma kunobufakazi bokuthi isiciko noma impahla yona qobo iphazamisekile iyothathwa njengempahla engaziwa.
  - (4) Impahla ethwelwe ngomoya eyethulwe njengompahla engaziwa iyofakwa ngaphansi kohlelo lwezokuphepha olunqunywe kule Ngxenywe ngaphambi kokuba ilayishwe endizeni.

### **Izincwadi/iposi**

- 108.03.4**
- (1) Iziphathimandla zePosi kufanele zifake isicelo semvume yokwemukelwa njengesithunywa esinegunya lokuthumela impahla ngokusho koMthethonkambiso 108.06.1.
  - (2) Izincwadi ezamukelwa yiZiphathimandla zePosi okufanele lethulwe ukuze lithwalwe ngendiza kufanale –

- (a) zihlolwe ukuthi ziyahambisana nezokuphepha bese zivalisiswa kahle, futhi
  - (b) ziphelezwe wumbhalo weposi osemthethweni ochaza isibalo sezikhwama ezihlolwe ukuphepha.
- (3) Iziphathimandla zePosi kungumthwalo wazo ukuhlola ukuphepha nokuvalisisa izincwadi ngaphambi kokuzithumela endizeni ukuze zithwale ngomoya.
- (4) Ngenhloso yokuvimbela ukungeniswa kweziquhumane, izinto eziyingozi noma ezingavunyiwe noma ezilimazayo endizeni njengoba kuchaziwe kwiCebo lezokuPhepha kweziNdiza likaZwelonke ka 2004, kuyothathwa lezi zinyathelo ezilandelayo:
- (a) IziPhathimandla zePosi kufanele ziqinisekise izinto eziposiwe zikhiyelwe noma zigcinwe ezitsheni ezivaliwe futhi zivikelwe ekuthintweni okungekho emthethweni ngaphambi kokuba zifakwe ezikhwameni zeposi;
  - (b) Ngaphambi kokulayisha endizeni yohwebo, umnqubi we wendiza noma isithunywa sakhe esiphansi kufanele siqikelele ukuthi zonke izikhwama zeposi zihlolwa ngamehlo ngenhloso yokuba neqiniso ukuthi azikaze zivulwe noma ziphazanyiswe;
- (5) Ngezikhathi eziqagulwe njengezikhathi zokuqapha kakhulu isimo sezokuphepha esimenyazelwe yisiPhathimandla seziThuthi zoMoya eNingizimu Afrika, kuyothathwa lezi zinyathelo ezilandelayo ezengeziwe:
- a) IziPhathimandla zePosi ziyomemezela ukuthi izincwadi sezihloliwe futhi zaseshwa iziquhumane, izinto engalungeli neyingozi noma engavunyiwe njengoba kuchaziwe kwiCebo leZokuphepha kweZithuthi Zomoya likaZwelonke luka 2004 ngaphambi kokuba impahla ifakwe ezikhwameni noma ithunyelwe;
  - b) Uma kunokungabaza ngezokuphepha kwezincwadi, Iziphathimandla zePosi ngeke zinikele noma zemukele izincwadi ukuba zithwale ngomoya noma ngendiza.

### **Impahla noma izincwadi eziphuthunyiswayo**

- 108.03.5** (1) Izithunywa ezilawulwayo noma iziPhathimandla yePosi eziletha impahla nezincwadi eziphuthunyiswayo ukuba zithwale ngezithuthi zomoya ezihwebayo ziyinqinisekisa ukuthi leyo mpahla noma izincwadi eziphuthunyiswayo zihloliwe ngokufanele njengoba kusho nguMqulu SA-CATS- ACS.

**Impahla nezincwadi ezithuthwa ngomoya**

- 108.03.6** (1) Impahla nezincwadi ezithwele ngendiza okufanele zidluliselwe kwenye noma kwezinye izindiza akudingeki ukuba zihlolisiswe, iqobo nje uma ilawulwa ngokulandela imithethonkambiso yezokuphepha ngesikhathi isuka endaweni yokuqala futhi ivikelwe kahle emikhubeni engekho emthethweni nalapho ishintsha khona indiza.
- (2) Impahla ethuthwa ngendiza noma izincwadi ezifika ngendiza, ngesitimela noma ngomkhumbi edlulela phambili engazange ihlolwe ezokuphepha ngesikhathi isuka noma idluliswa kufanele ithathwe njengempahla engaziwa bese iyahlolwa ukuthi iphephile.

**Impahla exolelwe**

- 108.03.7** (1) Isimo sezokuphepha okudingekayo ngokwale Ngxenywe ngeke sisebenze mayelana nalokhu: -
- (a) nempahla eshintsha izandla njengoba kusho umthethonkambiso 108.03.6 ;
  - (b) Isidumbu;
  - (c) Izilwane eziphilayo;
  - (d) izimpahla zokuhlenga impilo noma ezinye izinto zokwelapha, izitho zomzimba, igazi noma izinto ezifanayo ;
  - (e) noma yimiphi imikhiqizo yenuzi;
- (2) Isithunywa esilawulwayo esiletha impahla ukuze ithwalwe ngendiza sixolelwe ekulawulweni noma ekubophezelekeni isimo sezokuphepha ngaphansi komthethonkambiso 108.03.7 (1) uyoqinisekisa ukuthi leyo mpahla:
- (a) ichazwe ngokucacile emaphepheni okuthutha
  - (b) uyohlola leyo mpahla ukuze aqiniseke ukuthi ayivulwanga futhi ayizange iphazanyiswe;
  - (c) kuhlolwe amaphepha ayo ukuze kutholakale ukuthi ulwazi kunoma imaphi amaphepha luyiqiniso futhi lwanele
  - (d) ivikelwe ekuphazamisekeni okungagunyaziwe.

**Ilungelo lokuhlola nokwenqaba ukuthwala impahla**

- 108.03.8** Noma yimuphi umnikazi wendiza yokuhweba uyoba nelungelo: -
- (a) lokuhlola, noma ayalele isithunywa ukuba sihlole impahla eboshelwe noma equkethwe wumthwalo othwelwe ngendiza nokwenza uphenyo ngokuqonda nolwazi nemibhalo efanele ithulwe maqondana nomthwalo; futhi

- (b) ngaphandle kokuzibophezela angenqaba, alibazise noma aphindisele emuva impahla uma enezinsolo ezinesisekelo sokuthi impahla ineziqhumane noma izinto eziyingozi.

#### **INGXENYANA 4: UKUHLOLELA EZOKUPHEPHA - IZINTO NABASEBENZI**

##### **Izidingo zokuhlola nezinto ezisetshenziswa ukuhlola**

- 108.04.1** (1) Noma iyiphi into estshenziswa ngumnikazi noma ngosebenzisa indiza noma ogunyaziwe, ukuhlola izimpahla kufanele ikwazi ukunuka izikhali, iziqhumane noma impahla engavunyiwe noma enobungozi njengoba kuchaziwe wuHlelo lwezokuPhepha lweZithuthi Zomoya lukaZwelonke ka 2004, ezingasetshenziswa ezenzweni ezingekho emthethweni.
- (2) Lezi zinto kufanele zihambisane nezidingo ezimiswe wuMqulu SA-CATS-ACS.
- (3) Into okukhulunywa ngayo ngumthethonkambiso (1) iyogcinwa ngendlela emiswe umkhiqizo wawo futhi uhambisane nezinye izidingo ezingakhishwa ngaphansi koMthetho.

#### **INGXENYANA 5: IZIMVUME**

##### **Isicelo semvume yokuba yisithunywa esilawulwayo**

- 108.05.1** (1) Isicelo sesitifiketi semvume yokuba yisithunywa esilawulwayo nokuvuselela lesi sitifiketi semvume kufanele:
- (a) sifakwe kuKhomishani ngendlela efanele enqunywe wuMqulu SA-CATS-ACS;
- (b) siphelzelwe imifanekiso yamabhukwana eNqubo yezokuPhepha kwempahla ezindizeni okukhulunywa ngayo kumthethonkambiso 108.01.02(5); futhi
- (c) siphelzelwe yimali efanele noma inkokhelo enqunywe yiNgxenye 187 yalo mthethonkambiso.

##### **Isitifiketi semvume**

- 108.05.2** (1) Ukhomishani angaqhuba uphenyo oluyohamba ngendlela emiswe yiNgxenye 187 yalomthethonkambiso ngokusebenza komuntu ofake isicelo nofuna ukunikwa imvume yokuba isithunywa esilawulwayo ukuze aqinisekise ukuthi uyakwazi yini ukuhlangabezana nokushiwo yile Ngxenye.

- (2) Uma uKhomishani eneliswa yibhukwana lezokuphepha lalowo ofake isicelo kanye namagceke akhe nokuthi ofake isicelo uyakwazi ukuhambisana nemithethonkambiso yaleNgxenywe, Ukhomishani uyo:—
- (a) qinisekisa ngokubhaliwe kuyo yomibili imifanekiso yezokuphepha ukuthi lawo maphepha amukelwe;
  - (b) phindisela umfanekiso owodwa webhukwana lezokuphepha kulowo ofake isicelo; futhi
  - (c) nika ofake isicelo isitifiketi semvume yokuba yisithunywa esilawulwayo ngendlela enqunywe kuMqulu SA-CATS-ACS.
- (3) Lowo ofake isicelo uyothula zonke izichibiyelo zebhukwana lezokuphepha kuKhomishani ukuze athola imvume
- (4) Uma uKhomishani eneliswa wukuthi izichibiyelo ngeke ziphazamise okushiwo kule ngxenywe, uKhomishani uyoqinisekisa ngokubhaliwe imifanekiso yomibili yezichibiyelo zebhukwana lezokuphepha eziveza ukuthi izinguquko zimukelwe bese ephindisela umfanekiso owodwa kulowo onikwe igunya.
- (5) Isithunywa esilawulwayo ngazo zonke izikhathi sisebenza ngendlela ehambisana nebhukwana lezokuphepha noma izichibiyelo zalo ezamukelekile.
- (6) Isitifiketi semvume siyoqhubeka nokusebenza isikhathi esiyizinyanga eziyishumi nambili kusuka ngosuku esikhishwe ngalo.

### Ukuvuselela isitifiketi semvume

- 108.05.3** (1) Lowo onikwe isitifiketi semvume uyofaka isicelo kuKhomishani sokuvuselela isitifiketi semvume zingakapheli izinyanga ezimbili ngaphambi kosuku lokuphelelwa yisikhathi kwemvume.
- (2) Ekucubungula isicelo sokuvuselela isitifiketi semvume, uKhomishani engenza uphenyo abona lufanele ngenjongo yokuqinisekisa ukuthi ofake isicelo uyaqhubeka yini nokuhlonipha izidingo zale Ngxenywe.
- (3) Isicelo siyokwamukelwa futhi kukhishwe isitifiketi uma uKhomishani enelisekile ukuthi lowo ofake isicelo uzoqhubeka nokulandela izidingo zale Ngxenywe.
- (4) Uma uKhomishani enganelisekile, uyokwazisa lowo onquba umsebenzi ngalokho, asho izizathu kuleso saziso bese emnika ithuba lokulungisa amaphutha noma izici ezingalungile singakapheli isikhathi esinqunywe nguKhomishani, ekupheleni kwaleso sikhathi uKhomishani uyomnika noma achithe isicelo esithintekayo.
- (5) Isicelo sokuvuselela isitifiketi semvume siyokwenziwa ngokugcwalisa ifomu enqunywe uMqulu SA-CATS-ACS futhi siphelzelwe yimali efanele njengoba inqunyiwe yiNgxenywe 187.
- (6) Okushiwo umthethonkambiso 108.05.01 kuyosebenza nalapha.

**Izibopho zalowo Onesitifiketi**

**108.05.4** Ngaso sonke isikhathi Isithunywa esilawulwayo siyoqhuba umsebenzi ngokulandela ibhukwana lezokuphepha elamukelwe.

**Isicelo sokuqinisekiswa njengomthumeli wempahla owaziwayo**

**108.05.5** Isicelo sesitifiketi sokugunyazwa nokuvuselela isitifiketi sokwemukelwa siyo:

- (a) qondiswa kuKhomishani ngefomu efanele njengoba inqunyiwe kuMqulu SA-CATS-ACS;
- (b) phelezelwa yimali eqaguliwe noma inkokhelo enqunywe yiNgxenye 187 yale mithethonkambiso.

**Isitifiketi sokugunyazwa njengomthumeli mpahla**

**108.05.6** (1) UKhomishani engahlola umuntu ofisa ukuqinisekiswa njengomthumela impahla owaziwayo ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi uyahambisana yini nokushiwo yile Ngxenye, lokho kuhlolwa kuyokwenziwa njengoba kusho umthethonkambiso iNgxenye 187

- (2) Uma uKhomishani enlisekile izinyathelo zokuphepha zalowo ofake isicelo kanye isimo sezithuthi nendawo yokugcina impahla eyaziwayo ihambisana nezidingo zale Ngxenye, uKhomishani uyo-

nika ofake isicelo sokuqinisekiswa isitifiketi sokugunyazwa njengomthumeli mpahla owaziwayo ngendlela enqunywe wuMqulu SA-CATS-ACS.

- (4) Isitifiketi sokuqinisekiswa sisebenza izinyanga eziyishumi nambili kusuka ngosuku esikhishwe ngalo.

**Ukuqokwa kwabaqiniseki**

**108.05.7** (1) Ngokuhambisana nokushiwo yisigaba 4(2) no (3) soMthetho, uKhomishani angaqoka abaqiniseki babathumeli-mpahla abaziwayo abazohlola impahla ngenhloso yokukhipha izitifiketi zokugunyazwa ukuzivuselela nokukhipha ezinye futhi ngokwesibili.

- (2) Amalungelo okukhulunywa ngawo kumthethonkambiso (1) ayosetshenziswa futhi asebenze nemibandela, izidingo, imiyalo, nezinqubo noma ngamaqophelo anqunywe wuMqulu SA-CATS-ACS.
- (3) UKhomishani uyosayina futhi anike umqinisekisi oqokiwe ngamunye umbhalo ogagula igama eliphelele lalowo mqinisekisi futhi lowo mbiko uyakuba nesitatimende -

- (a) lowo mqinisekisi uqokwe ngokmthethonkambiso (1); kanye
- (b) nencazelo yokunikwa kwalowo mqinisekisi amandla okusebenzisa amalungelo okukhulunywa ngawo kumthethonkambiso (1).
- (4) Isicelo sokuqokwa njengoMqinisekisi okukhulunywa ngaso kumthethonkambiso (1) siyophelezela yimali efanele enqunywe yiNgxenye 187.

### Ukuvuselela isitifiketi sokugunyazwa

- 108.05.8** (1) Lowo onesitifiketi sokugunyazwa uyofaka isicelo kuKhomishani sokuvuselela lesi sitifiketi zingakapheli izinyanga ezimbili ngaphambi kokuphelelwa yisikhathi kwesitifiketi esikhona.
- (2) Ekubhekisiseni isicelo sokuvuselela isitifiketi sokugunyazwa, Ukhomishani engenza uphenyo abona ludingeka ukuze aqiniseke ukuthi lowo onegunya usaqhubeka yini nokuhambisana nezidingo zale Ngxenye.
- (3) Isicelo siyovunywa kukhishwe nesitifiketi uma Ukhomishani eneliswa wukuthi ofake isicelo uyohambisana nezimiso zale Ngxenye.
- (4) Uma uKhomishani engeneliswa, uyoveza izizathu zesinqumo bese enika lowo ofake isicelo ithuba lokulungisa amaphutha noma izici ezingalungile ngaphambi kokuphela kwesikhathi esinqunywe nguKhomishani, ngemuva kwalokho akhiphe noma achithe isicelo esithintekayo.
- (5) Isicelo sokuvuselela isitifiketi semvume siyogcwaliswa ngefomu enqunywe wuMqulu SA-CATS-ACS kanti siyophelezela yinkokhelo emiswe yiNgxenye 187.
- (6) Lokho okushiwo ngumthethonkambiso 108.05.01 kuyosebenza nalapha.

### Imali yokuhlola

- 108.05.9** Uma kutholakala ukuthi ukungalandelwa kwemithethonkambiso, okuholela ekutheni kuhlolwe futhi, lokho kuhlolwa kuyokhokhelwa ngehora njengoba kubekiwe kumthethonkambiso 187.00.29.

### Ukuqinisekisa izitifiketi zakwamanye amazwe

- 108.05.10** (1) Ngesicelo esibhalwe, uKhomishani engaqinisekisa noma yisiphi isitifiketi sakwelinye izwe esikhishelwe ukuqeqeshelwa ezokuphepha mayelana nemithwalo uma lowo onesitifiketi ethula ubufakazi obubhaliwe obulandelayo –
- (a) ukuthi isitifiketi sitholwe enhlanganweni yokuqeqesha eyamukelekile kwelinye izwe; nokuthi

- (b) Lowo onesitifiketi uphothule ngempumelelo uqeqesho lokuvuselelwa ulwazi lwezokuphepha kokuthutha impahla ngendiza oluhlonzwe ingxenyana 6.
- (2) Isicelo okukhulunywa ngaso kumthethonkambiso (1) siyophelezela yimali efanele enqunywe yiNgxenyane 187.
- (3) Lokho okushiwo uMthethonkambiso 108.06.1 no 2 kuyosebenza kulowo onesitifiketi okukhulunywa ngaso kumthethonkambiso (1).

**Ukumiswa nokwesula imvume noma isitifiketi sokugunyazwa nokwedlulisa udaba**

- 108.05.11** (1) Isikhulu esigunyaziwe, umhloli noma umuntu onegunya engamisa isikhathi esingedluli izinsuku ezingamashumi amathathu imvume noma isitifiketi sokugunyazwa esikhishwe ngaphansi kwale Ngxenyane, uma –
- (c) ngemuva kokuhlolwa nocwaningo olwenziwe ngaphansi kwale Ngxenyane, kubonakala ukuthi lowo onemvume noma isitifiketi sokugunyazwa akahambisani nezidingo ezinqunywe kule ngxenyane futhi lowo onesitifiketi uyehluleka ukulungisa iphutha noma ukulandela okushiwo yile Ngxenyane zingakapheli izinsuku ezingamashumi amathathu ngemuva kokuthola isaziso esibhaliwe esivela kumhloli noma kulowo ogunyazelwe lomsebenzi; noma
  - (d) isikhulu esigunyaziwe, umhloli noma isisebenzi esifanele sivinjelwe ngumuntu onemvume noma isitifiketi sokugunyazwa ukuba siqhube uphenyo noma ucwaningo ngaphansi kwale ngxenyane; noma
  - (e) ukumiswa kudingekile ukuze kuphephise noma kufezwe ezokuphepha.
- (2) Isisebenzi esinegunya, umhloli noma umuntu ogunyaziwe omise imvume noma isitifiketi sokugunyazwa ngaphansi komthethonkambiso (1) uyothula umbiko obhaliwe kuKhomishani lapho echaza khona izizathu zokuthi kungani ngokubona kwakhe kufanele kwesulwe ukumiswa kwemvume noma isitifiketi sokugunyazwa kufanele kwesulwe.
  - (3) Isisebenzi esigunyaziwe, umhloli noma umuntu ogunyaziwe othintekayo uyothula noma anike umfanekiso wombiko okukhulunywa ngawo kumthethonkambiso (2) kulowo onemvume noma onesitifiketi sokugunyazwa esimisiwe kanye nobufakazi bokwedlulisa umbiko kuKhomishani.
  - (4) Lowo onemvume noma onesitifiketi sokugunyazwa ozizwa ehlukumezekile ngokumiswa kwemvume noma kwesitifiketi sakhe sokugunyazwa angadlulisa udaba kuKhomishani zingakapheli izinsuku ezingamashumi amathathu ngemuva kokuba ethole ulwazi lokumiswa kwemvume noma kwesitifiketi.

- (5) Lowo odlulisa isikhalo/udaba uyothumela isikhalo esibhaliwe ebeka izizathu zokukhononda nokuthi kungani ecabanga ukuthi isinqumo kufanele siguqulwe noma sichithwe.
- (6) Lowo odlulisa isikhalo uyothula umfanekiso wesikhalo kanye neminye imibhalo eyesekela udaba kusiphathimandla esigunyaziwe, kumhloli noma kumuntu onegunya eliqondene futhi athumele kuKhomishani ubufakazi bokuthi ngempela uthumele imifanekiso ochaziwe.
- (7) Isikhulu esinegunya, umhloli noma umuntu ogunyaziwe ngaphambi kokuphela kwezinsuku ezingamashumi amathathu ethole umfanekiso wesikhalo okukhulunywa ngaso kumthethonkambiso (6), uyothumela umbiko noma impendulo yakhe ebhaliwe mayelana nesikhalo esidluliswayo kuKhomishani.
- (8) Ukhomishani angenza lokhu –
  - (a) Ukwahlulela isikhalo ngokubheka imibhalo ethulwe kuye; noma
  - (b) Ukujuba odlulisa isikhalo kanye nesikhulu esigunyaziwe, umhloli noma umuntu onegunya ukuba bavele phambi kwakhe ziqu zabo noma bamelwe, ngesikhathi nendawo eyonqunywa nguKhomishani lapho beyothula khona ubufakazi.
- (9) Ukhomishani angaqinisekisa, aguqule noma achithe ukumiswa okukhulunywa ngakho kumthethonkambiso (1).
- (10) UKhomishani angenza lokhu –
  - (a) Uma eqinisekisa ukumiswa ngokusho komthethonkambiso (9) noma
  - (b) Uma imvume noma isitifiketi sokugunyazwa simiswe ngokusho komthethonkambiso (1) kanti lowo onaso angadlulisa isikhalo ngokulandisa komthethonkambiso (4), uyokwesula imvume noma isitifiketi sokwemukelwa esithintekayo.

### Ilejista yezitifiketi zemvume

- 108.05.12** (1) UKhomishani uyogcina ilejista yazo zonke izimvume nezitifiketi zokugunyazwa ngaphansi kwale Ngxenywe.
- (2) Ilejista yezitifiketi zemvume iyoqukatha lemininingwane elandelayo:
- (a) igama eliphelele, uma likhona, igama lokuhweba lalowo onesitifiketi semvume noma sokugunyazwa;
  - (b) Ikheli leposi nendawo yokuhlala yalowo onesitifiketi semvume noma sokugunyazwa; kanye

(c) nosuku okukhishwe ngalo isitifiketi semvume noma ukugunyazwa;

- (5) Ukhomishani anganikeza noma imuphi umuntu okucashunwe kulejista uma ekhokha imali efanele enqunye kwiNgxenye 187, aongaveza isizathu esizwakalayo nesanele sokuthi yingani kufanele anikwe lokho okucashuniwe.

## INGXENYANA 6: UQEQESHO

### Uqeqesho lokuzijwayeza ezokuPhepha kweMpahla eNdizeni

108.06.1 (1) Noma ubani-

- (a) obambe iqhaza ekuthuthweni kwempahla;
- (b) umuntu onquba umsebenzi wokwamukela, ukuthinta ukulayisha, ukwethula, ukwedlulisa noma yini ephathelene nempahla esikhundleni salowo ongumnini womsebenzi;
- (c) isithunywa esilawulwayo esamukelwe nguKhomishani ngokwale Ngxenye;
- (d) umthumeli-mpahla owaziwayo ogunyazwe nguKhomishani ngokwale Ngxenye

uyoqinisekisa ukuthi lezi nhlobo ezilandelayo zabasebenzi abamsebenzelayo baphothula ngempumelelo uqeqesho lokuzijwayeza ezokuphepha kwempahla endizeni noqeqesho lokuvuselela njalo ezinyangeni ezingama-24 ngemuva kwalolo qeqesho:

- (i) abasebenzi bendlu yokugcina impahla abamukela (warehouse), baphathe , bagcine, balayishe futhi bethule impahla ezothuthwa noma ezothwalwa ngendiza;
  - (ii) abashayeli ababandakanyeka ekuthuthweni kwempahla eyaziwayo ezothuthwa ngendiza;
- (2) Ingqikithi yoqeqesho lokuqala lwabasebenzi mayelana nokuphepha kwempahla ethuthwa ngendiza kanye nokuvuselela ezokuphepha kwempahla nokuvuselelwa koqeqesho kuyoqhutshwa ngendlela echazwe yibhukwana lezokuphepha njengoba inqunye kuMqulu SA-CATS-ACS.

- (3) Noma imuphi umuntu okukhulunywa ngaye kumthethonkambiso (1) uyophothula izifundo zokuvuselela uqeqesho lwezokuphepha kwempahla ethuthwa ngendiza njalo ezinyangeni ezingamashumi amabili nane, kusukela ephothule ngempumelelo olunye uqeqesho lokuzijwayeza ezokuphepha noma uqeqesho olwandulela lolo, kuyoya ngaleso naleso simo.
- (4) Amarekhodi oqeqesho ayogcinwa ngendlela emiswe kuMqulu SA-CATS-ACS

### **Uqeqesho oluvamile lwezokuphepha kwempahla ethwalwa yizindiza**

#### **108.06.2 (1) Noma –**

- (a) Ngubani obandanyeka ekuthuthweni kwempahla;
- (b) Ngubani owenza izenzo zokwemukelwa, zokuphatha, zokulayisha, zokwethula, zokwedlulisa noma ukusebenza ngempahla egameni lomuntu onegunya;
- (c) Yisiphi isithunywa esinegunya lokuthutha impahla esamukelwe nguKhomishani ngaphansi kwale Ngxenye;
- (d) Yimuphi umuntu owaziwa njengothumela impahla ogunyazwe wuKhomishani ngaphansi kwale Ngxenye;

uyoqiniseka ukuthi imikhakha elandelayo yabasebenzi abaqashwe nguye baphothula ngempumelelo uqeqesho oluvamile lwezokuphepha kwempahla ethuthwa ngendiza kanye noqeqesho lokuvuselela njalo ngemuva kwezinyanga ezingamashumi amabili nane:

- (i) Abasebenzi bezokuphepha kwempahla;
  - (ii) Isisebenzi esingamele ezokuphepha kwempahla
  - (iii) Umphathi wezokuphepha kwempahla
- (2) Noma yiliphi izinga loqeqesho oluvamile lezokuphepha kwempahla ethuthwa ngendiza okukhulunywa ngalo kumthethonkambiso (1) wale Ngxenye luyiqhutshwa yinhlangano emukelwe ngaphansi kweNgxenye 141.
  - (3) Udaba lwezinga lokuqokethwe wuqeqesho lokuphepha kwempahla ethuthwa ngendiza luyonqunywa nguMqulu SA-CATS-ACS.
  - (4) Noma ngubani okukhulunywa ngaye kumthethonkambiso (1) uyophothula izifundo zokuvuselela zokuphepha kwempahla ethwelwe ngendiza ngezikhawu ezimiswe wuMqulu SA-CATS-ACS.
  - (5) Ngemuva kokuphothula ngempumelelo izifundo zokuqala zoqeqesho lwempahla ethwalwa yizindiza okukhulunywa ngalo kumthethonkambiso

(2), inhlango egeqeshayo ethintekayo iyonika umfundi isitifiketi sekho no lwazi ngezidingo no lwazi lwempahla ethuthwa ngendiza.”

**4. Umthethonkambiso 187.00.13 we Mithethonkambiso uchitshiyelwa kokufakwa esikhundleni sendinyana (d) ngendima elandelayo:**

“(iii) Ukukhishwa noma ukukhishwa futhi kwesitifiketi semvume se RVSM (Umthethonkambiso 21.08.8A) ... 620,00”.

**5. Ukufaka uMthethonkambiso 187.00.15A kuleMithethonkambiso**

Lomthethonkambiso olandelayo uzofakwa ngemuva koMthethonkambiso 187.00.15 weMithethonkambiso

“Izindleko eziphathelele neNgxenywe 108

**187.00.15A** (1) Izindleko ezilandelayo ziyokhokhwa ngemuva kokufaka isicelo:

(a)	Ukukhishwa kwesitifiketi semvume sokuqala	R 3 000,00
(b)	Ukuvuselelwa kwesitifiketi semvume	R 1 500,00
(c)	Ukuqinisekisa isitifiketi semvume	R 1 500,00
(d)	Ukuqinisekisa isitifiketi soqeqesho	R 100,00
(e)	Ukuchitshiyelwa kwebhukwana lezokuphepha	R 1 000,00
(f)	Izingxenywe ezicashunwe kwilejista yezitifiketi zemvume	R 50,00

(2) Izindleko ezilandelayo ziyokhokhwa ngesiza ngasinye mayelana nokuhlolwa oknqunyiwe:

(a)	Isiza esibubanzi baso bufinyelela ku-1 000 m <sup>2</sup>	R1 000,00
(b)	Isiza esibubanzi baso bungaphezulu ku-1 000 m <sup>2</sup> kuze kufinyelele ku 5 000 m <sup>2</sup>	R1 400,00
(c)	Isiza esibubanzi baso bungaphezulu ku 5 000 m <sup>2</sup>	R1 800,00

(3) Izindleko ezilandelayo ziyokhokhwa mayelana nemvume yebhukwana lezokuphepha yokuqala:

(a)	Ibhukwana ngalinye elinamakhasi ayikhulu noma ngaphansi	R1 000,00
(b)	Ibhukwana ngalinye elinamakhasi aphakathi kwe-100 nama-200	R2 000,00
(c)	Ibhukwana ngalinye elinamakhasi angaphezulu kwama-200	R5 000,00

**Isihlokwana nokuqala kwawo**

**6. Lemithethonkambiso iyobizwa ngokuthi Isichibiyelo saMashumi Amabili Nanhlanu seMithethonkambiso yeZithuthi zoMoya ka 1997, kanti iyoqala ukusebenza ngosuku oluyazisiwa kuPhephabhuku likaHulumeni.**

## **IMPORTANT NOTICE**

**GPW wishes to apologise for any confusion created by our previous notice concerning the method of payment (*herewith the corrected version of the notice*):**

### **ACCEPTABLE PAYMENT FOR SERVICES AND GOODS IN GOVERNMENT PRINTING WORKS**

**WITH IMMEDIATE EFFECT ALL  
PAYMENTS FOR SERVICES RENDERED AND GOODS DIS-  
PATCHED SHOULD BE BY MEANS OF CASH, ELECTRONIC  
TRANSFER OR BANK GUARANTEED CHEQUES**

**IMPLEMENTATION OF THIS  
CIRCULAR IS WITHOUT EXCEPTION**

**S. MBHELE  
EXECUTIVE DIRECTOR: MARKETING**

**Tel.: (012) 334-4764  
Cell: 082 889 5059**

# Looking for out of print issues of Government and Provincial Gazettes

We can provide photocopies

## **Contact**

The National Library of South Africa,  
Pretoria Campus  
PO Box 397  
0001 PRETORIA

## **Physical address**

*C/o Andries and Vermeulen Streets  
Entrance in Andries Street*

## **Contact details**

Tel: (012) 321-8931

Fax: (012) 325-5984

E-mail: [infodesk@nlsa.ac.za](mailto:infodesk@nlsa.ac.za)



Sabinet Online Ltd has established itself, for more than a decade, as a leader in facilitating electronic access to gazetted information.

Are you looking for information published in Gazettes such as changes to Acts, Regulations of Acts, Notices, Liquidation & distribution accounts on deceased estates?



Search no more.

Sabinet Online's SA Gazettes provides immediate access to full-text databases of Government and Provincial Gazettes, the Government Gazette Index and Parliamentary Bills. Updated daily.

The SA Gazettes is considered in all industry sectors as the most comprehensive collection of searchable gazette data on the Internet. With SA Gazettes you have access to the electronic full-text of the Government Gazette and all Provincial Gazettes.


- The Government Gazette - from January 1994
- All Provincial Gazettes - from September 1995
- Indexes pertaining to the past week's Government and all Provincial Gazettes.
- Parliamentary Bills - from January 1999

We facilitate access to information  
[www.sabinet.co.za](http://www.sabinet.co.za)

Tel: +27 12 643 9500; Fax: +27 12 663 3543; E-mail: [info@sabinet.co.za](mailto:info@sabinet.co.za)








# Wetlands are wonderlands!







Department of Environmental Affairs and Tourism

# SA WEATHER BUREAU SA WEERBURU



**W  
E  
A  
T  
H  
E  
R  
·  
S  
E  
R  
V  
I  
C  
E  
S  
·  
W  
E  
E  
R  
D  
I  
E  
N  
S  
T  
E**



# THE WEATHER BUREAU HELPS FARMERS TO PLAN THEIR CROP



THE WEATHER BUREAU: DEPARTMENT OF ENVIRONMENTAL AFFAIRS & TOURISM  
DIE WEERBURU: DEPARTEMENT VAN OMGEWINGSAKE EN TOERISME

Printed by and obtainable from the Government Printer, Bosman Street, Private Bag X85, Pretoria, 0001  
Publications: Tel: (012) 334-4508, 334-4509, 334-4510  
Advertisements: Tel: (012) 334-4673, 334-4674, 334-4504  
Subscriptions: Tel: (012) 334-4735, 334-4736, 334-4737  
Cape Town Branch: Tel: (021) 465-7531

Gedruk deur en verkrygbaar by die Staatsdrukker, Bosmanstraat, Privaatsak X85, Pretoria, 0001  
Publikasies: Tel: (012) 334-4508, 334-4509, 334-4510  
Advertensies: Tel: (012) 334-4673, 334-4674, 334-4504  
Subskripsies: Tel: (012) 334-4735, 334-4736, 334-4737  
Kaapstad-tak: Tel: (021) 465-7531